

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

56/2015 Intshumayelo ngesonto elilandulela elokugcina emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 15. 11. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuzo 2 Kor 5:10, lithi: **"Thina sonke simelwe ukubonakaliswa phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaKristu."**

1. Iculo 106

2. **Umkhuleko:** Jesu Mphathi wezikhathi zonke! Siyabonga ukulungiswa nguwe sibe yilokho okufanele izulu likaBaba osihlanganise nawe. Qhuba umsebenzi wakho wokusithobisa, wokusebenzisa, wokusithumela sikumele simeme bonke ukulwazi uthando othande ngalo abantu. Singcwelise ngoMoya oNgcwele. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuJer. 8:4-7;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 8:18-25;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuLuka 16:1-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 300/228

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 25:31-46, lithi: "Kepha nxa iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezingcwele kanye nayo, khona izakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo; kuzakubuthelwa phambi kwayo izizwe zonke, ibahlukanise abanye kwabanye, njengomalusi ehlukana izimvu nezimbuzi, imise izimvu ngakwesokunene sayo kepha izimbuzi ngakwesokhohlo. Khona iNkosi izakuthi kwabangakwesokunene sayo: Zanini nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba. Ngokuba ngangilambile, nangipha ukudla; ngangomile, nangiphuzisa; ngangingumfokazi, nangingenisa; ngihamba-ze nangembathisa; ngangigula, nangihamba; ngangisetilongweni, neza kimi. Khona bayakuyiphendula

abalungileyo ngokuthi: Nkosi, sakubona nini ulambile sakupha ukudla, noma womile sakuphuzisa, na? Sakubona nini ungumfokazi sakungenisa, noma uhamba-ze sakwembathisa, na? Sakubona nini ugula, noma usetlongweni, seza kuwe, na? Isiyakuphendula iNkosi, ithi kubo: Ngiqinisile ngithi kini, njengokuba nikwenzile komunye walababafowethu abancane, nikwenzile kimi. Khona iyakuthi kwabangakwesokhohlo: Dedani kimi nina-baqalekisiweyo, niye emlilweni ophakade olungiselwe uSathane nezingelosi zakhe. Ngokuba ngangilambile, aningiphanga ukudla; ngangomile, aningiphuzisanga; ngangingumfokazi, aningingenisanga; ngihamba-ze aningembhathisanga; ngigula, ngisetlongweni, aningihambanga. Khona bayakuphendula nabo, bathi: Nkosi, sakubona nini ulambile, noma womile, noma ungumfokazi, noma uhamba-ze, noma ugula, noma usetlongweni, singakukhonzanga, na? Khona iyakubaphendula ithi: Ngiqinisile ngithi kini: Lokho eningakwenzanga komunye walaba abancinyane anikwenzanga nakimi. Laba bayakumuka, baye ekujezisweni okuphakade, kodwa abalungileyo baye ekuphileni okuphakade." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandiweyo yiNkosi uJesu Krestu! IBhayibheli lithi uKrestu uyobuya eze emhlabeni ezokwahlulela! Izinkumbi ngezinkumbi zabantu, nabangasekho bayakuba yingxenywe yalolosuku, beze kumbona uJesu. Lezizinkumbi zabantu zoba sengathi yizihlabathi zolwandle.

Ziyakwahlukaniswa kabili lezizinkumbi: kube ngabakholwayo nabangakholwa. Lokhu kwahlukaniswa kwabantu kobe vele sekusho isahlulelo sikaNkulunkulu. Olahliwe ulahlwe, omukelwe ngomukelwe! Kobe kungasekho thuba lokuguqula isinqumo soMahluleli.

Siyaqaphela ukuthi uJesu akathi kwabangakwesokhohlo, "nina enizakuqalekiswa," kodwa uthi, "nina-baqalekisiweyo." Base bevele beqalekisiwe lungakafiki kwalosuku lokugcina. Lapha uJesu wayesemane egcizelela ukuqalekiswa kwabo nje. Ubufakazi ngesono busobala, uJesu usemane esho ngabo ukuthi abonani balahlwe yicala.

Siyaqaphela futhi nokuthi uMahluleli akathinti ukweqiwa ngakunye kwalowo nalowo Mthetho kuyo eyiShumi. Akabalahli ngenxa yakho abakwenze kabi. Uthinta lapho kulokhu abangakwenzanga: abamnikanga ukudla, aamphuzisanga, abamngenisanga eyisihambi, abamembathisanga ehlubule, nalapho eboshiwe abamhambelanga. Baqalekiswa ngenxa yokungenzi okuhle.

Namuhla basaduka abanye bezibona abalungile ngokuthi nje ababulali, abantshotshi, noma abaphingi. Hhayi bo! Akukona nje kodwa ukuyeka isono okwenza ube ngolungileyo. Olunge

ngempela umuntu ngohlukanayo nokusenza isono, aphinde futhi abonakalise ukulunga kwakhe ngokwenzela abanye okulungileyo. Abangakholwa nabo bayakwenza okulungileyo: amaSulumani ondlala agqokise ondinga-sithebeni, njalonjalo. Nokho, uJesu akaphawuli nokukodwa kwako, yini-ndaba? Akakuboni ukulunga kwalaba na?

Uyakubona nje kahle okuhle abakwenzile, kodwa ngokwesahlulelo sakhe uthi abakwenzelanga yena. Izenzo zabo abathi zinhle azisekelwe phezu kokukholwa nguJesu. Abangakholwa banaleligama ngoba ukukholwa abanakho. Lokhu sikufunda kumaHeberu 11:6, *"kepha-ke ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukumthokozisa."* Ngenxa yokungabi nokukholwa, bayalahlwa, baqalekisiwe abangakholwa. Abanakho ukulunga kukaNkulunkulu. Ngokobufakazi obukhona, laba bayakubhubha nokubhubha ehayidese.

Ukukholwa yikho kuphela esingema ngakho phambi kukaNkulunkulu, esingamukela ngakho ukulunga kwakhe esikubalelwa ukulunga kukaKristu ngokukholwa nguye, "okungukukholwa okukusebenza ngothando." UPawulu waloba ukuthi, *"olungileyo wophila ngokukholwa"* (Roma 1:17, Gal. 5:6).

Kanjalo-ke iZwi likaNkulunkulu liyasinika inselelo yokumdumisa yena ngezenzo zethu ezilungileyo! Masingehlulwa ngabahedeni ekwenzeni okuhle. Yebo, asithengi izulu ngemisebenzi yethu, kodwa mihle yini leyo misebenzi? Sinayo nje ukuba nayo?

Abezinye izinkolo bayanikela kakhulu. Yebo, baqhutshwa yinkonzo engenakho ukulunga kukaNkulunkulu. Nokho, thina esinakho lokho kulunga, siyakhululeka yini ekunikeleni ebandleni lethu na? Siyahambela yini ababoshiwe nabagulayo? Siyabanakekela yini abahlwempu? Siyabakhulumisa omakhelwane lapha sikhala khona sibethulele iVangeli elisisindisile na?

Yebo, nami engikwethulela lentshumayelo ngiyathinteka kulenselelo evela eZwini leNkosi. Abezinye izinkolo kanye nabangakholwa baziwa emphakathini ngemisebenzi emihle abayenzela osweleyo. Nawe, sonke, masizihlole. Impela sifunyanwa sibuthakathaka kwezokukhonza umakhelwane ngothando. Siyayazi imiyalelo eyishumi ethi masesabe uNkulunkulu siphinde sithande nomakhelwane. Ithi umakhelwane masenze okuthile senze ngcono eyakhe impilo. Siyahluleka kulokhu!

Makabongwe uNkulunkulu, nokho! Akasehluleli ngenani nangomthamo walokho okuhle esikwenzile. Uyafuna kithi ukuthi siphenduke sikholwe kuyo iNdodana yakhe, samukeliswe

ngayo insindiso. Ngokukholwa asinika kona siyafundiswa ukumkhonza uNkulunkulu nabantu ngothando. Lapho uthando lwethu lufiphala, nango uJesu esiyala aphinde asithethelele. Lentethelelo nayo iyasikhuthaza ukuthi sibakhonze abakhelwane ngothando. Siyabenzela okuhle, simkhonze noNkulunkulu ngothando lobuzalwane. Uthando olunjalo lufakazela ukuthi silungisisiwe nguNkulunkulu; uhlala kithi, sihlala kuye ngokukholwa.

Yebo, abalungileyo bayabizwa nguBaba aphinde ababusise. Obusisiwe yilowo "okhulunywa kahle." Ubusisiwe okhulunywa kahle nguBaba. Usikhulume kahle, uthe silungile, manje usesingenisile ekulungeni kwakhe.

Kwenzeka nini lokhu na? Ngaphambi kokuba adale umhlaba, waloba amagama ethu encwdini yabaphilayo. Ukuhlupheka nokufa kukaJesu kwayinika amandla lendaba, nokuvuka kwakhe kwafakaza ukuthi izono zethu zikhokhelwe namacala ethu acinywa. UNkulunkulu wabe esethela kithi ngamunye lokhuya kulunga kukaJesu, edala kithi ukukholwa ngokusizwisa iVangeli, nangokubhathizwa egameni loMthathwemunye, ngokulondolozwa ekukholweni okusindisayo ngokuthethelelwa izono esibikweni, nangokwamukela umzimba kaKristu negazi lakhe esidlweni seNkosi. Ngakho ukukholwa singcwele phambi kwakhe ngoba ukulunga kweNdodana yakhe kukithi. Lapho ebuya uJesu uyakube ephethe lobubufakazi esandleni – bokuthi samkholwa sabuye samkhonza nangezenzo. Esebenzisa lobubufakazi uyakusinika inkululeko yaphakade nokuphila okungapheli.

Ziyisithupa izenzo ezilula zothando ezifakazela ukholo esinalo: ukumupha ukudla, ukumphuzisa, ukumngenisa, ukumembathisa, ukumhambela egula, nokuya kuye esetilongweni. Abanokukholwa bayazenza lezizenzo ngoba bethanda uNkulunkulu, ngesinye isikhathi abanaki nokuthi bayazenza. Yebo, singamkhonza uNkulunkulu ngezenzo zethu ezinhle. Uyakusithuthukisa kulokhu size singasabali nokuthi sizenze nini kangakhi lezo zenzo (Math. 25:37).

Siyaqaphela ukuthi zonke lezizenzo kulula ukuzenza. Azibizi kithi imali eshisiwe zisishiye sishayainja ngekhandla. Yizenzo ezilula nje eziqhutshwa luthando, esibathanda ngalo abakhelwane. Makasilungise uNkulunkulu siqaphele singafuni udumo emphakathini ngokwenza izimangaliso zokukhanga abaningi. Masenze lokho akudingayo umakhelwane, nakho okulula kithi, simbonge ngakho uNkulunkulu. Okukhazimulayo sikwenze nakho uma sinamandla; sikwenzele uJesu, hhayi ngokuzifunela udumo lwabantu.

UJesu uyasithethelela, acime nya izono zethu angabe esakhuluma ngazo (AmaH. 103:12). Yingakho zingathintwa nakancane kulesisahluko emazwini oMahluleli. Wafa nazo esiphambanweni; zakhokhelwa ngokufa kwakhe: “*Ngokuba ngiyakuthethelela ububi babo, nesono sabo angisayikusikhumbula*” (Jer. 31:34). Lapho esibheka uMahluleli usesibona singcwele phambi kwakhe ngenxa yokulunga asinike kona uJesu. Uthi uPawulu: “*Ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe-ngukulunga kukaNkulunkulu*” 2 Kor. 5:21).

9. **Umkhuleko:** Jesu, sibonga inkonzo owasikhonza ngayo. Sisize Nkosi, sibathande sibenzele okuhle abanye ngoba sazi ukuthi nathi uyasenzela okuhle. Wathi wena, “Bheka ngiyeza masinyane.” Amen. Woza Nkos’ uJesu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 220

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-M. N. Mntambo.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.